Isifundo 7

**Ncwaba 10-16*

UJesu Nabaswelayo

NgeSabatha Ntambama

Kuleli viki funda ku:
Luka 1:46-55, 4:16-21, 7:18-23, Math. 12:15-21, Math. 21:12-16, Marko 11:15-19, Isaya 53:3-6.

Indimana Yekhanda:
"UMoya weNkosi uphezu kwami, ngokuba ingigcobile ukuba ngishumayele ivangeli kwabampofu, ingithumele ukumemezela ukukhululwa kwabathunjiweyo, nokubona kwabayizimpumputhe nokuhlenga abacindezelweyo, nokumemezela umnyaka omuhle weNkosi" (Luka 4:18, 19).

Phakathi kwezinye izizathu zokuzalwa kukaJesu, ukuzositshengisa ukuthi uNkulunkulu unjani. Wakwenza lokhu ngokufundisa kwaKhe, ngomhlatshelo waKhe, nangempilo yaKhe; okusho indlela ayexhumana ngayo nabantukazana. Izenzo zaKhe eziningi zenza izinguquko zangempela ezimpilweni zabanye abantu. Lomkhakha womsebenzi kaMesiya wawuprofethwe abaprofethi beTestamente eliDala, ngunina kaJesu uMariya, naye uJesu uqobo ngesikhathi echaza umsebenzi waKhe entshumayelweni yaKhe yokuqala eqoshiwe (Luka 4). Ngaphezu kwalokho, ababhali bezincwadi zevangeli babevame ukusebenzisa ulimi lwabaprofethi beTestamente eliDala uma bechaza okwenziwa uJesu, bexoxa indaba yaKhe. Ngalendlela, impilo kaJesu yayibonakala ngokusobala kulokho okwakwenziwa yilabaprofethi, okuhlanganisa isihe sabo ngabampofu nabacindezelwe. Abaholi bezenkolo kodwa, babuka uJesu njengengozi kubona. Isibonelo sokungalungi kwabo nesihluku, ukuboshwa kukaJesu, wabekwa icala ngendlela engenabulungiswa, waze wabethelwa. Ngalokho okwenzeka kuJesu, uNkulunkulu uyazi ukuthi kunjani ukungabi khona kobulungiswa—kanti ngokufa kwaKhe, wabeka obala ukushaqisa kobubi. Ngovuko lwaKhe kodwa, wanqobela ukuphila, ukulunga, nosindiso.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Ncwaba 17.*

Mary's Song

Cabanga ngokwenzekayo: uMariya wayethole umyalezo ovela engelosini uGabriyele ezinsukwini ezimbalwa ezedlule. Watshelwa ukuthi uzokuba unina kaJesu, iNdodana yoPhezukonke. Engakatsheli muntu ngalokho, uyahamba uvakashela uElizabeth, isihlobo sakhe esesikhulile, naye okhulelwe ingane yesimangaliso. Ngokukhanyiselwa uMoya, uElizabeth wayifunda ivaliwe indaba kaMariya engakakhulumi nokukhuluma uMariya, bobabili babonga izithembiso nobuhle bukaNkulunkulu.

Funda kuLuka 1:46-55. Qaphela ukuxutshwa kokudumisa phakathi kwalokho okwakumiselwe yena yedwa—"Ngokuba uSomandla ungenzele izinto ezinkulu" (Luka 1:49)—nokubandakanya nabanye. Kungani ukudumisa nokukhonza kwethu uNkulunkulu kufanele ukuhlanganisa okwethu ngabanye ngabanye, nokwabanye?

Leli, yiculo eliyisimanga, elingangena kahle-nje encwadini yamaHubo noma emibhalweni yabaprofethi bamaHeberu. UMariya uyachichima ngokumangala nokubonga uNkulunkulu. Ngokusobala, wayeseke wambona uNkulunkulu esebenza empilweni yakhe, kodwa futhi wazi kahle kamhlophe ngomgomo kaNkulunkulu ngesizwe sakubo nabantu bonke. Kodwa ngokwazi kukaMariya, uNkulunkulu akagcini ngokuba namandla nokufanela udumo, futhi unomusa, kanti ubonakala ebanake ngokukhethekile abathobekile, abacindezelwe, nabampofu. Ingelosi yayisanda kuhamba-nje ngemuva kokumemezela "izindaba ezimnandi" zokuthi uMariya uzothola umntwana ngesikhathi uMariya useyahlabelela uthi: " Uwisile amakhosi ezihlalweni, uphakamisile abantukazana. Abalambileyo ubasuthisile ngezinto ezinhle, abacebileyo ubamukise ze" (Luka 1:52, 53). Zisuka phansi-nje ekuqaleni kwendaba kaJesu emhlabeni, wethulwa njengombusi (bheka uLuka 1:43)—kodwa njengombusi wohlobo olwehlukile lombuso. Njengoba abahlaziyi abaningi besho, umbuso kaNkulunkulu owawuzomiselwa uJesu kwakuzokuba "umbuso ophendula amatafula" uma uqhathaniswa nemibuso eyejwayelekile yalomhlaba. Uma kuchazwa umbuso kaJesu, izikhondlakhondla nezicebi yizona ezingabalulekile, bese kuthi abampofu nabacindezelwe bakhululwe, "beneliswe" baphakanyiswe.

Njengoba ibandla liwumfanekiso wombuso kaNkulunkulu, liphumelela kangakanani ekubonakaliseni "lombuso ophendula amatafula" ochazwe uMariya? Ingafanekiswa kanjani leyonto, kodwa ngaphandle kokucwasa izicebi nezikhondlakhondla, obani abanye ababezothola uthando lukaKrestu?

Umgomo Womsebenzi kaJesu

Ukuthi kwakuhleliwe noma cha, ukuthi kufundwe lowombhalo ngalelo langa, noma uJesu wazikhethela ngamabomu lezindimana eziku Isaya 61:1,2 encwadini ayinikwa ukuba afunde, akuzenzekelanga ukuthi lezindimana zaziwumbhalo wentshumayelo yaKhe yokuqala esidlangalaleni. Futhi akuzenzekelanga ukuthi indaba yentshumayelo yaKhe emfishane ekuLuka 4:16-21—"Namhlanje lombhalo ugcwalisekile phambi kwenu" (Luka 4:21)—ukuqala kukaLuka ebhala ngomsebenzi kaJesu wasesidlangalaleni. UJesu kubonakala sengathi uqhubeka neculo likaMariya "lombuso ophendula amatafula" esewubonakalisa emsebenzini waKhe. UJesu—noLuka uma esephinda exoxa indaba kaJesu—wasebenzisa isiprofetho sikaIsaya ukuchaza ukuthi wenzani uJesu nokuthi uzokwenzani, kodwa futhi kwaku enye indlela yokusho lokho okwakuchazwe nguMariya eminyakeni engu 30 ngaphambili. Abampofu, abadabukile, nabacindezelwe yibona abathola izindaba ezinhle eziza noJesu ngokukhethekile. UJesu wathatha lezindimana zikaIsaya njengomgomo womsebenzi waKhe. Umsebenzi waKhe wawuthinta ezenkolo nokusiza emphakathini, futhi wayetshengisa ukuthi okwenkolo nokusebenzela umphakathi akuqhelelene njengoba sicabanga ngesinye isikhathi. KuJesu nabafundi baKhe, ukusebenzela abantu kwakuyinxenye yokusebenzela imiphefumulo yabo.

Funda, uqhathanise uLuka 4:16-21 no 7:18-23. Ucabanga ukuthi kungani uJesu waphendula ngalendlela? Ungaphendula uthini emibuzweni efanayo mayelana nokuthi uJesu unguNkulunkulu noMesiya na?

_____

_____

Ngesikhathi uJesu ethuma abafundi baKhe, umyalo abanika wona nawo wawuhambisana nomgomo waKhe. Nakuba babezomemezela ukuthi "umbuso wezulu usondele" (Math. 10:7, NIV), omunye umyalo kubona wawuthi "phulukisani abagulayo, vusani abafileyo, hlambululani abanochoko, khiphani amadimoni. Namkeliswe ngesihle, yiphani ngesihle" (Math. 10:8, NIV). Ukusebenza kwabo egameni laKhe kwakufanele kubonakalise futhi kwenze leyo migomo yomsebenzi kaJesu nombuso amemela abantu kuwona. Abafundi nabo, kwakumele bazihlanganise noJesu emsebenzini waKhe wokufukula abasekugcineni, abancinyane, nabalahlekile.

Siwenza kanjani lomsebenzi ulingane nokushunyayelwa kwesigijimi sezingelosi ezintathu emhlabeni owele esonweni? Kudingeke ngani ukuthi konke esikwenzayo kube nokuthintana ngandlela thize, nokumenyezelwa kwe "qiniso lamanje"?

UJesu Uyaphilisa

Izincwadi zevangeli zigcwele izindaba zemimangaliso kaJesu, kakhulukazi eyokuphilisa. Njengoba uIsaya wayeprofethile, waphilisa izimpumputhe, wakhulula labo ababegqilazwe ukugula, ngesinye isikhathi ngemuva kweminyaka eminingi yezinhlungu (bheka uMark 5:24-34, Johane 5:1-15). Kodwa wenza nokungaphezu kwalokhu: wenza ukuthi izishosha zihambe futhi; waphulukisa abanochoko, hhayi ngezwi-nje kuphela, kodwa ngokubathinta, "bengcole" benjalo; wanqwamana namadimoni ayethumbe imiqondo nemizimba yabantu; waze wavusa nabafileyo, imbhala. Singalindela ukuthi lemimangaliso kwakuhloswe ngayo ukudonsa izihlwele zabantu nokufakazisa ngamandla aKhe kwabaningi ababemngabaza, nababemgxeka. Kodwa kwakungenjalo ngaso sonke isikhathi. Kunalokho, kaningi uJesu wayeyala lowo ophulukiswayo ukuba angatsheli muntu ngalokho. Nakuba kwakuyinto engalindelekile ukuthi lowo osanda kuphulukiswa alandele lowo myalo, bazigcinele bona lezo zindaba ezimangalisayo, uJesu wayezama ukutshengisa ukuthi imimangaliso yaKhe yayihlose okukhulu kunokubukisa. Okuyiwona mgomo omkhulu kwaku ukuthi abantu bamukele ukusindiswa ngaYe. Kodwa-ke, imimangaliso kaJesu yokuphilisa yayiyindlela yokutshengisa isihe saKhe. Isibonelo: ekuyeni lapho kwaphiwa khona ukudla abantu abangu 5 000, uthi uMathewu: "Waphuma, wabona isixuku esikhulu, waba nesihe ngaso, waphulukisa abagulayo babo" (Math. 14:14). UJesu wabuzwa ubuhlungu balabo abadabukile, wenza ayengase akwenze ebantwini ayehlangana nabo, ukubasiza nokubafukula.

Funda isiprofetho sikaIsaya kuMathewu 12:15-21. Iyiphi indlela uIsaya noMathewu abakhomba ngayo indlela yokwakwenziwa uJesu njengento enkulu ukwedlula ukuphilisa abantu abambalwa—noma amakhulu ambalwa—abantu abagulayo?

_____

_____

_____

_____

"Wonke ummangaliso owenziwa nguKrestu kwakuluphawu lobuNkulunkulu baKhe. Wayenza wona lowo msebenzi okwakuprofethwe ukuthi uyokwenziwa nguMesiya; kodwa kubaFarisi lezenzo zomusa zaziyisikhubekiso. Abaholi bamaJuda babuka ukuhlupheka kwabantu ngokukhulu ukunganaki. Izikhathi eziningi ubugovu babo nengcindezelo yibo ababebangele lokho kuhlupheka uKrestu ayesebakhulula abantu kubona manje. Ngakhoke imimangaliso yaKhe yayibahlazisa."—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, ikhasi 406. Imimangaliso yokuphilisa kaJesu yayiyimisebenzi yesihe nokulunga. Kodwa njalo-nje, kwakungesiwo umgomo wayo lokho. Okusalayo, konke okwakwenziwa uKrestu kwakuhloswe ngakho ukuholela abantu ekuphileni kwaphakade (bheka uJohane 17:3).

Ukuhlanzwa Kwethempeli

Uma sifunda indaba kaJesu ezincwadini zevangeli, sivame ukuthathekiswa ubumnene baKhe—ukunaka kwaKhe abagulayo nezingane, ukucinga kwaKhe abalahlekile, nenkulumo yaKhe ngombuso kaNkulunkulu. Lokhu kwenza uma sesimbona enza izinto ngokuhluthuka, kakhulukazi ngokubhekiswe kubaholi bezenkolo basezinsukwini zaKhe, neminye yemikhuba yabo, kusimangaze.

Funda kuMathewu 21:12-16, Marko 11:15-19, Luka 19:45-48, noJohane 2:13-17. Kubaluleke ngani ukuthi lezindaba ezifanayo zibhalwe kuwona omane amavangeli?

_____

_____

Akumangalisi ukuthi lesigameko sifakwe kuzo zozine izincwadi zevangeli. Yindaba egcwele okuningi okuthathekisayo, umnyakazo, nemizwa. UJesu waye phatheke kabi ngendlela ithempeli elalisetshenziswa ngayo nangokuthengiswa kwezilwane zomhlatshelo esikhundleni sokukhonza kweqiniso. Lokhu kwakululaza umhlatshelo omelwe yilezo zilwane—ukufa ayezokufa ngenxa yezono zomhlaba!

Ukuthatha isinyathelo esifana naleso into eyayaziwayo kubaprofethi bamaHeberu. Leliphuzu liyathintwa kuzo zozine izincwadi zevangeli, uJesu, noma ababhali balezincwadi zevangeli, becaphuna kuIsaya, uJeremiya, noma amaHubo ukuchaza okwakwenzeka kulendaba. Abantu bamthatha njengomprofethi uJesu (bheka kuMathewu 21:11), beza kuYe ngesikhathi ephilisa, efundisa egcekeni lethempeli ngemuva kokuxosha abathengisayo nabashintshiselana ngemali. Abantu bathola ukwelapheka ngokuthintwa uYe nethemba lakhula ezinhliziyweni zabo ngesikhathi bemuzwa efundisa. Abaholi bezenkolo nabo babona ukuthi uJesu ungumprofethi—engumuntu oyingozi ezikhundleni abaziphethe nozinzo ekuhlaleni—basuka benza itulo lokumbulala ngendlela efanayo ababengaphambi kwabo abenzela ngayo abaprofethi uzungu eminyakeni engaphambili (bheka lokhu kuqhathanisa kuLuka 19:47, 48).

Njengamalunga ebandla, singayidlala kanjani indima yethu ukuze siqiniseke ukuthi izindlu zethu zokukhonzela zingabi yizindawo ezidinga lokho okwadingeka ethempelini ezinsukwini zikaJesu? Singazigwema kanjani lezinto eziyingozi enkolweni yethu? Empeleni, yini ezinye zazo?

_____

_____

Isiphambano SikaKrestu

Kuyaduduza ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu obona futhi ozwa izikhalo zabampofu nabacindezelwe. Ukuthi uNkulunkulu, ngesimo sikaJesu, wabekezelela sonke isihluku, ingcindezelo, nokungalungi kwalomhlaba, kuyamangalisa. Phezu kwaso sonke isihe nokulunga okwatshengiswa uJesu empilweni yaKhe nasemsebenzini waKhe, wabulawa ngenxa yenzondo, umona, nokungalungi.

Kusukela emithandazweni kaJesu yomunyu ensimini yaseGethsemane kuye ekuboshweni kwaKhe, "ukuthethwa kwecala," ukuhlushwa kwaKhe, ukubhinqwa, ukubethelwa, nokufa, wabekezelela ubuhlungu obushaqisayo, isihluku, ububi, nengcindezelo. Konke lokhu kwenziwa kwaba buhlungu ngokwedlulele ngenxa yobumsulwa baKhe, ukuhlanzeka kwaKhe, nokulunga kwaKhe: "Wazenza into engelutho ngokuthatha yona leyo mvelo yenceku, wenziwa ngesimo somuntu. Esenjengomuntu, wazithoba ngokulalela kwaze kwaba sekufeni—ukufa kwesiphambano!" (Filipi 2:7, 8, NIV). Ngokubuka esibukweni sendaba yosindiso, sibona ubuhle bomhlatshelo kaJesu ngenxa yethu, kodwa asingakhohlwa yisihluku sokuhlupheka nokuphathwa okungenabulungiswa adlula kukho.

Funda kuIsaya 53:3-6. Kusitshelani lokhu ngalokho okwenzeka kuJesu, ongenacala ehluphekela abanecala? Kusisiza kanjani ukuze siqonde ukusihluphekela kwaKhe?

_____

_____

Ngesimo sikaJesu, uNkulunkulu uyazi ukuthi kunjani ukuba yisisulu sobubi nokungalungi. Ukubulawa komuntu kuyashaqisa; ukubulawa kukaNkulunkulu kushaqisa ngokwedlulele. UNkulunkulu wazihlanganisa nathi kulesimo sethu sokuwa ngendlela yokuthi singangabazi isihe saKhe esikhulu, uzwelo nokwethembeka kwaKhe: "Ngokuba asinaye umPristi omkhulu [uJesu] ongenakuzwelana nobuthakathaka bethu, kepha olingiwe kukho konke njengathi, engenasono" (Heberu 4:15). Yeka lokho kwembulwa kwesimilo sikaNkulunkulu wethu! Besingaqalaphi-nje nokucabanga ngezindaba ezinhle ngoNkulunkulu esikhomba kuYe isiphambano?

Kukho konke esikwenzela uNkulunkulu, kakhulukazi ukusiza abaswelayo, kudingeke ngani ukuthi ngaso sonke isikhathi sibeke ukufa kukaJesu owafa esikhundleni sethu, engafeli thina sodwa kodwa nalabo esibasizayo, endaweni egqamile yomsebenzi wethu nenjongo yethu na?

_____

_____

Ukujula Nomcabango:

Funda kuEllen G. White, "In the Footsteps of the Master," amakhasi 117-124, ku *Welfare Ministry*: "Days of Ministry," amakhasi 29-50, ku *Ministry of Healing*: "The Temple Cleansed Again," amakhasi 489-600; "In Pilate's Judgment Hall," amakhasi 723-740, ku *The Desire of Ages*. "UNkulunkulu unikeze ezwini laKhe ubufakazi obuqinile bokuthi uyobajezisa labo abeqa umthetho waKhe. Labo abazikhohlisa ngokuthi unomusa omkhulu kangangoba ngeke ehlise izehlulelo phezu kwesoni, badinga-nje ukubheka esiphambanweni saseKhalvari. Ukufa kweNdodana kaNkulunkulu engenachashaza lesono kuyafakaza ukuthi 'inkokhelo yesono ukufa,' ukuthi konke ukweqa umthetho kaNkulunkulu kuyothola isijeziso esikufanele. UKrestu ongenasono, waba yisono ngenxa yabantu. Wathwala icala lokweqiwa komthetho, nokuthi uYise afihle ubuso baKhe, kwaze kwaphuka inhliziyo yaKhe, nomphefumulo waKhe waphuma. Wonke lomhlatshelo wenziwa ukuze kuhlengwe izoni. Ayikho enye indlela umuntu ayengakhululwa ngayo phansi kwesijeziso sesono. Wonke umuntu ongavumi ukuba nesabelo enkonzweni yokubuyisana esiyenzelwe ngentengo engaka uyozithwalela yena icala nesijeziso sokweqiwa komthetho."—Ellen G. White, *The Great Controversy,* amakhasi 539, 540.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Funda amazwi kaEllen G. White angenhla. Buka-nje ukungabikho kobulungiswa uKrestu omsulwa ethwala isijeziso salabo abanecala! Kubaluleke ngani ukuthi leliqiniso elimqoka sihlale silikhumbula?

2. UJesu akazange ashoshozele inguquko kwezombusazwe ukuze kube khona lolohlobo lombuso akhuluma ngawo. Umlando ugcwele izindaba ezidabukisayo zabantu abasebenzisa indluzula nengcindezelo, bethi balwela labo abacindezelwe. Izikhathi eziningi, okwenzekayo ukuthi kubekwe omunye umcindezeli esikhundleni somunye. Nakuba amaKrestu kufanele asebenzisane nabasemagunyeni ukuze kusizakale abacindezelwe, kungani kudinga ahlale eqaphele ukuthi awasebenzisi ipolitiki ukufeza leyo njongo?

3. Cabanga ngokuthi icebo losindiso lalisho ukuthini. UJesu, omsulwa, ehluphekela abanecala—okuyithina sonke. Kungani lomhlatshelo esawenzelwa kufanele usenze sibe abantu abasha kuKrestu?

Ngokufingqiwe:

Ezincwadini zevangeli, umsebenzi kaJesu wethulwa ubuye uchazwe ngendlela eyashiwo abaprofethi beTestamente eliDala. Izindaba ezinhle kwabampofu, inkululeko kwabacindezelwe, nokuphiliswa kwabadangele konke kwamenyezelwa njengezinkomba zikaMesiya—okuyinto uJesu ayibonakalisa emsebenzini waKhe wonke. Kodwa, ngokufa kwaKhe, wabuye waphathwa ngokungenabulungiswa, ekugcineni wanqoba. Ngenxa yokusifela kwaKhe ngendlela engenabulungiswa, izono zethu zingaxolelwa, futhi sinesithembiso sokuphila kwaphakade.